ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

IBANGA LE-12
IMIBHALO YOBUCIKO : INOVELI- UMSHADO
AMANOTHI MAYELANA NESAKHIWO SENOVELI

Ukuchazwa kwesakhiwo

Isakhiwo sisho ukuhleleka kwamaphuzu akha isigameko senoveli, kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni

Isibonelo ngenoveli ethi ‘Umshado’

- UBhekani uhlushwa iphupho likayise elifuna ukuthi agane ngokushesha kanti yena ubengakazimiseli
- Uzama ukuxazulula leli phupho ngothandana noTholakele okwabe sekuvela ukuthi ungumfelokazi
- UTholakele unezinkinga eziningi kanti nesimilo kanye nokuziphatha kwakhe kwakungekuhle.
- Abaningi, okuhlanganisa ubaba kaBhekani, umakaBhekani, uSfiso, umaluma wakhe, othisha ayefundisa nabo kanye nomphakathi babengahambisani nokushada kukaBhekani noTholakele
- UBhekani ulandelwa yizinkinga ezingi ngokuthandana noThalakele
- Ulobola ngendlela okungayiyona le elindeleke kwisiko lisintu.
- Uyaphoxeka uBhekani ngosuku lomshado
- Uyaboshwa uTholakele ngosuku lomshado.

1. **Amazinga esakhiwo**

   Amazinga esakhiwo sendaba emfishane ahlukanise kathathu, kukhona:

   1.1 Isingeniso
   1.2 Umzimba
   1.3 Isiphetho

2.1 Isingeniso

- Siba sifishane
- Sethola **umlingiswa osemqoka** (OkunguBhekani)
- Sethulelwa **isisusa sodweshu.** (Inkinga abhekene nomlingiswa osemqoka (Udweshu lwangaphandle, iphupho likayise alalifuna ukuthi ashade ngokushesha kanti yena wayengakazimiseli)
- Kumele kusheshe kuvele **isizinda (okuyindawo)** lapho indaba yenzeka khona. *(indaba yenzeka eNyawushane)*

2.2 Umzimba

- Amaphuzu kumele ahleleke kahle.
  - UBhekani uhlushwa iphupho likayise elifuna ukuthi agane ngokushesha kanti yena ubengakazimiseli
  - Uzama ukuxazulula leli phupho ngothandana noTholakele okwabe sekuvela ukuthi ungumfelokazi
  - UTholakele unezinkinga eziningi kanti nesimilo kanye nokuziphatha kwakhe kwakungekuhle.
  - Abaningi, okuhlanganisa ubaba kaBhekani, umakaBhekani, uSfiso, umaluma wakhe, othisha ayefundisa nabo kanye nomphakathi babengahambisani nokushada kukaBhekani noTholakele.
  - UBhekani ulandelwa yizinkinga ezingi ngokuthandana noThalakele.
  - Ulobola ngendlela okungayiyona le elindeleke kwisiko lisintu
  - .Uyaphoxeka uBhekani ngosuku lomshado
  - Uyaboshwa uTholakele ngosuku lomshado.
- **Isixakaxaka endabeni**
  Kuba khona izinkinga ezikhulayo zize ziyofika kuvuthondaba, lapho indaba isuke isivuthwa khona:
  - UTholakele unezinkinga eziningi kanti nesimilo kanye nokuziphatha kwakhe kwakungekuhle.
  - Abaningi, okuhlanganisa ubaba kaBhekani, umakaBhekani, uSfiso, umaluma wakhe, othisha

ayefundisa nabo kanye nomphakathi babengahambisani nokushada kukaBhekani noTholakele.
    - UBhekani ulandelwa yizinkinga ezingi ngokuthandana noThalakele.
    - Ukufika kukaLindiwe ezoziganisa kuBhekani
    - Ulobola ngendlela okungayiyona le elindeleke kwisiko lisintu
- Indaba yenzeka **esikhathini eside**, futhi **iyagcogcoma** ngokwendawo
    - Umshado ucishe uthathe unyaka wonke, kantit futhi sithola uBkekani esekhaya, esikoleni, kwaTholakele, ukukhombisa ukugcogcoma

2.3 Isiphetho

- Kumele singathamelezi, indaba **iphele kuvuthondaba** kumbe kancane nje emva kuvuthonda
    - Kuthe nje uma kuxazululeka imibuzo yokuthi kodwa uBhekani uzoshada, mshado muni noThalakele njengoba enezinkinga ezingaka yabe isiphela indaba.
- Kuyancomeka ukuma isiphetho sibe **nengwijikhwebu**, indaba ingaphethi ngendlela vele ebelindelekile*)*
    - Ukubuza kukababa kaTholakele ukuthi ubani owadla amalobolo kaTholakele
    - Ukungaphumelei komshado ngoba umakoti eseboshiwe

IMIBUZO ENGABUZWA MAYELANA NESAKHIWO SENOVELI

Kwathuleka endlini. Isalukazi sabheka phezulu sengathi siyathandaza. Amehlo agcwala izinyembezi ngokushesha. Sabuka uBhekani emehlweni futhi.
'Angiyazi ukuthi ngizoyenzenjani le nto ngoba phela wena uyisifundiswa.' (5)
'Usho ukuthini mama?'
'Impela. Ulaka lukayihlo lolu. Ngisho ungaya esangomeni uyobhula siyokutshela le nto engiyishoyo.'

Wathula uBheki, wabuka unina engagculiswa yile nkulumo yakhe. Walindela okungcono, akwababikho. Kwalandela okumxakayo futhi. (10)
'Thatha impepho mfana uyishise uxolise kuyihlo.'
'Angiyazi le nto oyishoyo mina mama.'
'Ngizokufundisa,' esho ekhahla unina.
'Ngixolisa nje icala lami yini ngempela kubaba?'
'Usumtholile umfazi okwathiwa mfune azokugana? Angithi usuke (15)
wagijima nabafelokazi?' Walizwa icala lakhe uBheki. Wakhumbula ukuthi leli cala uzimisele ukulithwala noma kunzima kangakanani. Wathula wabuka unina.
'Ngizoyishisa kusasa impepho mama.'
'Uyazi noma uzobulala ubuthongo namuhla uyihlo?' (20)
'Ngizolala. Bukhulu lobu buhlungu asengizwise bona.'
Isalukazi sasuka saphuma sayozilalela samshiya kanjalo uBheki ekhamisile. Kwafika kuye ukuthi cha, impepho uzoyishisela ukuthi uyise emukele uTholakele njengomakoti wakhe.
'Kufanele ukuthi naye ubaba uyabona ukuthi ngiyamthanda (25)
uTholakele. Ngizocela ukuba azame ubaba ukumthatha njengomakoti walapha ekhaya.' Ukhuluma yedwa uBheki ulungiselela ukulala. Ubuthongo bafika esecabanga ukuhlala kwakhe noTholi nakho konke abakwenzile.

1. Nikeza amaphuzu AMATHATHU afakazela ukuthi le ndaba inesingeniso esibhaleke kahle. (3)

2. Hlaziya le noveli ubhekise kwisisusa sodweshu. (2)

3. Phawula ngomyalezo owedluliswa umbhali wale ndaba kubafundi. (2)

4. Umfundisi ungumlingiswa omncane/ongaqavile kule noveli. Sekela lesi sitatimende. (2)

5. Ingabe isiphetho sale ndaba sibhaleke kahle yini? (2)

AMANOTHI MAYELANA NESAKHIWO SOMDLALO

2. Ukuchazwa kwesakhiwo

Isakhiwo sisho ukuhlelaka kwamaphuzu akha isigameko somdlalo, kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni.

3. Amazinga esakhiwo somdlalo

Amazinga esakhiwo somdlalo ahlukaniswe kahlanu, kukhona:

3.1 Isethulo
3.2 Isikhathi sokubhebhetheka kodweshu
3.3 Isixakaxaka
3.4 Uvuthondaba
3.5 Isiphetho

2.1 Isethulo

Lokhu kusho amazwi **ayisendlalelo** achaza kabanzi ngabadlali namaqhaza abawabambile

- Sonto; yintokazi esencane eshade noMbhele ongusomabhizinisi
- Mbhele: ngumyeni kaSonto
- Zinhle: yindodakazi kaSonto noMbhele
- Mthofi: yisigebengu esisanda kuphuma ejele
- Toronto: yisigenengu esingumngane kaMthofi
- Mfundisi: owasebendleni likaSonto
- MaNsibande: usonta noSonto
- Nhleko: ngumseshi
- Ntshangase: ngummeli kaMbhele
- Dlamini: yikhehla elingumakhelwane wakaMbhele
- Nesi: owasesibhedlela okulaliswe kuso umfundisi
- Sethulelwa uSonto noMthofi.
    - Kusuka udweshu phakathi kwalaba bobabili, UMthofi ufuna imali yakhe kuSonto njengoba amanzela umsebenzi wokubulala umakaMbhele.

2.2 Isikhathi sokubhebhetheka kodweshu

Udweshu lwangaphandle olusuka esithulweni somdlalo phakathi kukaSonto noMthofi

- USonto uzama isu lokuthola imali ukuze akwazi ukukhokhela uMthofi.
- Ugcina esephume nesu lokuthi antshontshe imali yomnikelo wesonto eyayibalelwa emzini wakhe.
- Uyayintshontsha imali ngokubulala umfundisi nakuba wayengaqondile
- Ufonela uMthofi ukuba azolanda imali, uma ethi uyayibheka imali la ayibeke khona ayisekho

2.3 Isixakaxaka endabeni

Kuleli banga umfundi usuke engasaqondi kahle ukuthi indaba izophetha kanjani.

- USonto usongela uMthofi ukuthi uzombulala, aze asabise ngisho nangokuthi uzothumba uZinhle.
- USonto wakha iqhinga lesibili lokuthola imali ngokuthi akhe uzungu lokuthi kubulawe umyeni wakhe, uMbhele ukuze ezethola izimali zakhe
- UDlamini umakhelwane kaMbhele uxwayisa uMbhele ukuthi kukhona into embi engahle imvelele ngoba kuhlale kufika izigebengu emzini wakhe
- UMbhele ubonisa nommeli wakhe ngalokho, aza agcine eseshintshe incwadi yefa lakhe.
- UMbhele uyabulwa, aze ashiselwe emotweni uMthofi noToronto
- USonto uyahluleka ukuthola imali yamafa omyeni wakhe.
- USonto uyabaleka emzini wakhe ngenhloso yokuyoshiya uZinhle kubo bese yena eduka nezwe.

2.4 Uvuthondaba

Lapha imibuzo eminingi ekade sinayo ngesikhathi sifunda umdlalo isuke isiphenduleka.

- OMthofi noSonto baboshwa umseshi unhleko ngokubulala uMbhele.
- USonto uboshwa umseshi uMbhele ekubo esathi uyabaleka

3.6 Isiphetho

Kumele iphethe ngemuva **kovuthondaba** lendaba engumdlalo. Kumele kuvele nengwijikhwebu

- Emva kokuba uSonto eseboshiwe futhi kucaca ukuthi uyofela ejeje, uyazisola kunina ngakho konke okubi akwenzayo.
- Ayikho ingwijikhwebu kulo mdlalo ngoba wonke umuntu ubekulindele ukuthi uSonto ukuthi uzoboshwa njengoba kade efunwa amaphoyisa

IMIBUZO ENGABUZWA MAYELANA NESAKHIWO SOMDLALO

(Enziwa wonke amalungiselelo, wagcina ungcwatshiwe umlotha kaMbhele. Ngemuva kwamaviki ambalwa uSonto waya kuNtshangase eyofuna izimfanelo zakhe.)

NTSHANGASE: *(Emxhawula)* Ninjani nkosikazi Mbhele?
SONTO: *(Ngesizotha)* Siyaphila mfowethu, kuseyizo nje izinhlungu zokushonelwa ngubaba. (5)
NTSHANGASE: Awu! Kuzodlula nje, izinto esiphila ngazo lezo.
SONTO: Asethembe ukuthi kuzodlula nanxa kusenzima nje ukubhekana nempilo.
NTSHANGASE: Kufanele kube nzima. Akuyona into encane ukushiywa ubaba wasekhaya. Nokwenza (10)
SONTO: uma ehambe ngendlela esabekayo kanjena.
NTSHANGASE: Iyeke leyo mntanomuntu.
E, singakusiza ngani-ke dadewethu?

(15)

SONTO:	Cha, nami sengithi kangizolunguza ukuthi izimfanelo eziqondene nomndeni zihamba kanjani. Ngiyathemba angikujahanga	
NTSHANGASE:	ngendaba …	
	Cha, lutho neze. Empeleni kufanele ngabe sengike ngakuthinta. Ukuthi nje kukhona	(20)
SONTO:	ebengisakulungisa, bese ngivele ngizokuthinta.	
	Kungcono-ke uma kunjalo. Angifuni phela	
NTSHANGASE:	kube sengathi ngikufundisa umsebenzi wakho. Into nje kunezimo okufanele	
SONTO:	ngizilungise ngokushesha.	(25)
	Khululeka nkosikazi Mbhele, ngeke	
NTSHANGASE:	ngilokhu ngenza kancane.	
	Impela ngingumuntu ophuthumayo.	
SONTO:	*(UNtshangase aqonde eshalofini adonse*	
NTSHANGASE:	*ifayela. Alithi pheqepheqe.)*	
	Kukhona okumele ngikwazise khona	(30)
	dadewethu mayelana nalo ifa.	
	Ngilalele mfowethu.	
	Ngaphambi kokufa kwakhe, uMphemba weza kimi wangitshela ukuthi usola sengathi kukhona abafuna ukumbulala.	

1.Bhala isigameko esaholela ekutheni kube nodweshu phakathi kukaSonto noMthofi. (2)

.

2.Ukuba khona komlingiswa onguMthofi kulo mdlalo, kuwukhulisa kanjani lo mdlalo? (2)

3.Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

4.Ake ukhulume ngesizinda salo mdlalo ubhekise kwisimo senhlalo esitholakala kuwona. (2)

5.Xoxa ngengwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)

UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela

(*Ekuseni kwaMbhele. UMbhele usanda kuphuma ngemoto eyovula ezitolo. Umkakhe uSonto usathi uqoqa izitsha zetiye ebeliphuzwa nguMbhele. Kuvuleke umnyango ngewala, kungene uMthofi)*

SONTO : *(Ngokwethuka*) Hawu! Mthofi, waze wangethusa! Uqhamukaphi usungena ungangqongqo…?

MTHOFI : *(Ngolaka)* Ungazongibuza ukuthi ngiphumaphi wena doti, awazi yini?

SONTO : Usuphumile ejele masinyane kangaka?

MTHOFI : *(Akhiphe isibhamu.)* Aangizanga ukuzophendula imibuzo engathi shu lapha.

(Ekhangeza) Imali yami kayihlale esandleni.

SONTO : *(Avule amehlo ngokwesaba.)* Uyazi Mthofi, kunengane la endlini njengoba ukhipha isibhamu nje.

MTHOFI : *(Ngokubhuqa)* Sewaze wathola nengane, kukuhambela kahle impela sisi.

(Emkhomba ngesibhamu) Imali yami la!

SONTO : *(Ephakamisa izandla ephefumulela phezulu.)*

Ungangibulali Mthofi, uzoyithola imali yakho.

MTHOFI : *(Esikhombe ngqo ebusweni bukaSonto isibhamu.)*

Ucabanga ukuthi uyazi wena doti! Wawucabanga ukuthi ngizofela ejele yini?

SONTO : Angishongo ukuthi kwakufanele ufele ejele.

MTHOFI : *Fifteen years* ngiboshiwe awukaze uzongibona nakanye.

SONTO : Ngangi…

MTHOFI : *(Akhulume uSonto engakaqedi ukukhuluma.)* Wathi angibulale umkaMbhele ngoba nje ufuna ukuba kungene wena emafutheni. Wafa umkaMbhele

ngenxa yakho.

SONTO : *(Ngokuthukuthela)* Lowo mfazi nguye owangidelela, kwakumfanele ukufa.

MTHOFI : *(Ehlisa isibhamu.)* Pho wawungimpimpelani emaphoyiseni? Angithi wawubalekela ukukhokha imali yami?

(Enikina ikhanda enxapha.) Nithatha amashansi Sonto.

SONTO : *(Ngolakana)* Musa ukungisanganela, angithi nguwe owahluleka ukubaleka, amaphoyisa akuthola, waboshwa?

MTHOFI : Heyi , kawuyeke amanga doti! Nguwe owangimpimpa, ngaboshwa mina, wena wasala emafutheni.

SONTO : Kangithi sengishilo ukuthi kakunjalo? Kanti ufuna ngize ngithini?

MTHOFI : Ngifuna ulethe imali yami.

SONTO : Uthi ngiyithathephi imali? Bengazi ngani ukuthi uzovele uzoqhamuka kungalindele muntu?

1. Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

2. Ngokwalesi siqeshana uzokwenzani uMthofi emzini kaMbhele? (1)

3.Sazi kanjani ukuthi uSonto unengane? (1)

4.Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uSonto wayengakakulindeli ukuphuma kukaMthofi ejele. (1)

5.Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi ; ..' **wena wasala emafutheni'** siqonde ukuthi wasala:

A. Ubila
B. Ubusa
C. Ukhala

D. Uthetha (1)

6. Washona kanjani unkosikazi kaMbhele wokuqala? (2)

7. Kwaba namthelela muni empilweni kaSonto ukuphuma kukaMthofi ejele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8. Fingqa ngamaphuzu AMABILI udweshu olutholakala kulesi siqeshana. (2)